

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA  
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNIZ WILLES  
MCHUNU ENKONZweni YEPHASIKA**

04 APRIL 2010

**Nginyanibingelela nonke**

NjengoHulumeni, ikakhulukazi uMnyango wezokuThutha, ukuPheha nokuXhumanisa uMphakathi kuyasithokozisa ukuba ingxenye yokuphuthulwa komkhosi wePhasika kuleli bandla le-Life Bible International Church elidume ngokuthi iseKuphileni.

Kule minyaka edlule uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal uqale umkhankaso wokuhambela amabandla ngalesi sikhathi sePhasika lapho uzama ukunxena amalungu ebandla ukuba abambisane noHulumeni ukulwa nobhubhane lwezingozi zomgwaqo oseluyede isizwe sakithi. Nakuwo lo nyaka siwenzile lo mkhankaso kusukela ngoLwesihlanu njengoba namhlanje siwuphuthula kule nkonzo.

Kule mikhankaso yethu siphatha le DVD ebeniyibona nesizama ngayo ukutshengisa ubucayi besimo obudalwa izingozi zomgwaqo. Engithanda ukukugcizelela ngale DVD ukuthi ikhombisa izinto kulo Mnyango esihlale sizibona mihla namalanga. Izithombe ebenizibona akuzona ezokwakhiwa njengezefilimu kodwa izinto ezenzeka ngempela kubantu esibaziyo ukuthi ngabakuphi futhi bangobani.

Mina-ke ngisenesikhathi esincane kabi ngikulo Mnyango kodwa esengikubonile ngezingozi zomgwaqo kungenza ngibone ukuthi cha isenkulu inselelo esibhekene nayo.

Ngaphambi kokuba ngiqhubeke kakhulu lapha ngithanda ukugcizelela nginxuse wonke amakholwa aleli bandla namakholwa aseMgungundlovu wonkana ukuba akhuleke aqinise kule ndawo ukuze kwehle izinga labantu abashayela bedakiwe emigwaqeni. Akukwazi ukuthi minyaka yonke uma kukhishwa izibalo zababoshwe beshayela bephuzile esifundazweni uMgungundlovu ulokhu uhamba phambili. Ngenkathi sisebenzisa zonke izinsiza esinazo (resources) ukubhekana nalesi simo, siyakudinga nokungenelela kukaMdali ukuze kulungiswe onembeza babantu emgwaqeni.

Nakuba kungeke kulindeleke ukuthi enkonzweni enjengalena kukhona abantu abashayela bephuzile, kodwa wonke umuntu kumele awuthathe umyalezo awudlulisele komakhelwane bakhe. Iyona phela leyo inhloso yokushumayela ivangeli lokuphepha emgwaqeni.

Ngikhuluma nje ngoNovember wonyaka odlule sivule isikhungo sokuhlola utshwala egazini esaziwa nge-Alcohol Evidence Centre khona lapha eMgungundlovu. Ungamangala uma ngikutshela ukuthi kushone elangoLwesine lwePhasika le Centre isibophe abashayela bephuzile abangu-847 kusukela ngoNovember. Kuyimanje kusazohlangukiswa izibalo zangale mpelasonto. Bonke laba bebeboshwa ngamaphoyisa ngezikhathi zokusebenza ezijwayelekile kungahlangene nezimvimbamzila neminye imikhankaso eyisipesheli eyenziwa izinhlaka zokugcinwa komthetho.

NgolwesiThathu besivula enye futhi i-Centre eMdloti ezolekelela ukunqanda izidakwa ezihamba ngo-N2 nasezindaweni ezakhele leya ngxenye. Konke lokhu sikwenza ngokubambisana nenkampani yakwa-SAB esikhombise ukukhathazeka ngokuphepha kwabantu emigwaqeni ikhulukazi njengoba yenza imikhiqizo abantu ababuye bayisebenzise yabo budedengu.

Siyazi ukuthi imbangela ehamba phambili yokufa kwabantu emgwaqeni ihlanganisa ukushayela uphuzile, ijubane nokungahloniphi eminye imithetho yomgwaqo ebekelwe ezokuphepha. Okungiphatha kabi ngukuthi ukwephulwa komthetho emgwaqeni kuqhubeka ngenkulu inkani usuku nosuku.

Le nkani ibonakala idalwa nangukuthi izaphulamthetho zazi ukuthi zizohlawuliswa zingagqunywa ejele. Uma sezikhokhe izinhlawulo ziyaqhubeka zizihambe ngezimoto zazo, kokunye ziqhubeke futhi nokwephula umthetho bese kuthi uma zibanjwa ziphinde zihlawuliswe futhi.

Bheka nje, ngesonto eledlule imantshi yaseScottburgh ehlawulise uMnuz Amith Sookrej u-R70 000 yamisa ukusebenza kwezincwadi zakhe zokushayela izinyanga eziyisithupha. Le ndoda ibihamba ngo-252 km/h futhi yatholakala notshwala egazini obufika ku-0, 66. Ukube besinamandla thina njengoMnyango wezokuThutha ubengeke aphinde avunyelwe ukushayela emigwaqeni yethu ngoba uyingozi hhayi kuyena kuphela kodwa nakubantu abahlonipha umthetho.

Okunye okusikhathaza kakhulu njengoHulumeni indlela izingozi ezisiphuca ngayo abantu abaneqhaza ekwakhiweni komnotho wezwe lakithi. Siyazi ukuthi njengoba ezweni sekwavuleka amathuba amningi kwezomnotho kubantu ababencishwe amathuba phambili, lokhu sekwenza sibe nentsha eningi enamandla okuthenga izimoto zikanokusho ngokujwayelekile ezaziwa ngokuba nejubane.

Kumele nasezinkonzweni ezinjengalezi silishumayele leli vangeli entsheni yethu ukuthi ingasanganiswa izimoto ezigijimayo ngoba lokhu kugcina kwenza isizwe silahlekelwe amathalente adingeka kakhulu ekuthuthukisweni komnotho. Sikholwa ngukuthi phela kwawona amabandla adinga kakhulu bona labantu ngoba nomnikelo ubhekwe kubona. Ngakho-ke kubalulekile ukuba sibambisane.

Umyalezo wethu kumele udlulele nakwabahamba ngezinyawo ngoba phela sonke ngaphambi kokuba singene emotweni nangemuva kokuphuma emotweni siba ngama-pedestrian. Ngakho-ke kuzomele sibambisane ekutheni ukusetshenziswa komgwaqo kube yinto exoxwayo nje nasemindenini nezingane zethu.

Sengiphetha, engikugqaphelayo futhi ngalo mkhankaso wokuhambela amabandla ngukuthi uvula inkundla yokusebenzisana kwamabandla nohulumeni nakweminye imikhakha ngoba phela amasonto ahlanganisa abantu abenezinselelo ngokwehlukana ezidinga ukwaziwa nayiminyango kahlumeni ehlukeni. Izinhlelo ezenziwa amabandla zokusiza abampofu nabahlukumezekile ngezindlela ezahlukeni sikushayela ihlombe njengohulumeni. Vele phela kungumbono kalo hulumeni oholwa nguMongameli uMsholozzi ukuthi ngokubambisana singenza izimpilo zabantu zibe ngcono.

Okokugcina, masikugcizelele ngempela manje ukuthi akasekho umuntu okumele abe isibukeli nje ebe ehlala kulesi sifundazwe. Lo Hulumeni oholwa nguKhabazela unezinhlelo ezahlukeni ezihlanganisa ukulwa nobugebengu, indlala nezifo ezinjenge-HIV/AIDS, zonke odinga ukubambisana nomphakathi wamakholwa kuzona. Sonke masibambisane ukwakha ithemba lekusasa elingcono emphakathini wethu.

**Ngiyabonga**